



2 November 2022

**UKUKHOKHELWA KWABALIMI ABAGAYA EMISHININI KAMOBWA ENGAPHANSI KUKA
TONGAAT HULETT**

Ngazisa abalimi bonke abagaya umoba wabo emishinini engaphansi kuka Tongaat Hulett okuyimishini yase Felixton (Empangeni), Amatigulu (Gingindlovu), nase Maidstone (Tongaat) abangazange bakhokhelwe ngomoba wabo abawuhlaha ngo September 2022, ukuthi ngiphuma emhlangweni ophuthumayo obumayelana naloludaba.

Umhlangano ubusemahhovisi ubuse Mount Edgecombe. Uqale ngo 09:30 ekuseni. Besihlangene nabaphathi abaphezulu benkampani yakwaTongaat Hulett kanye nalaba ababizwa ngama Business Rescue Practitioners, okuyibona abanikwe izintambo zokutakula lenkampani yakwa Tongaat Hulett.

Ngiyathokoza ukunazisa balimi ukuthi kulomhlangano ngiyibekile imizwa yenu yokungazi ukuthi kwenzakalani ngemali yenu nokuthi nizoyithola nini. Banginike isiqinisekiso laba abangama Business Rescue Practitioners ukuthi kade bexoxa nabamabhangwe nababolekisi bezimali abasebenzisana no Tongaat Hulett kwavunyelwana ukuthi uTongaat Hulett anikwe imali okuzoholelwa ngayo abalimi. Aselungisiwe amaphepha ayingxenye yemicikilisho elandelwayo uma kusetshenzwa ngezimali nosekusele ukuthi kusayine bonke okumele basayise bese idedelwa lemali. Bangethembise ukuthi lemazi izotholakama ngomhlaka 11 November 2022 noma ungakashayi umhlaka 11 uma izinto zishesha ukulunga.

Ngithike asehlise amaphaphu Zulu, sekuyalunga, indaba yenu siyisukumele futhi sizoyimela.

Okuhlalukile ukuthi kuzokwenziwa iqhinga lokuthi imishini igaye kuze kuvalwe le season yokuhlala ka 2022/23 esikuyo. Sizonazisa ngokuqhubekayo njengoba izinhlelo nezingxoxo zokusiza uTongaat Hulett ziqhubeka.

Ngizibongele kini nonke ngokubekezela kunzima.

Owenu emzabalazweni wokufukula umlimi omnyama

Dr Siyabonga "Bulldozer" Madlala

Executive Chairman

smadlala@sa-fda.org.za | 071 216 7974

South African Farmers Development Association
Registration number 163-564 NPO

KwaShukela, 170 Flanders Drive
Mt Edgecombe, KwaZulu-Natal
P.O. Box 1769
Mt Edgecombe Country Club, 4301

031 508 7283
info@sa-fda.org.za
www.sa-fda.org.za

